INGONYAMA TRUST BOARD

• 65 Trelawney Road, Southgate, Pietermaritzburg, 3201 • P.O. Box 601, Pietermaritzburg, 3200
•Tel: 033 846 9900 •Fax: 033 386 2528 •www.ingonyamatrust.org.za

20 November 2023

Mhleli

INgonyama Trust ithathe isinqumo esicisha iMbube noMntwana

Ngithi mangithathe lelithuba ngiphendule izinsolo zakho ezibhekiswe eBhodini le Ngonyama Trust ngomlomo wephephandaba lakho I Bayede News lamhla zingu 17 November 2023, yize ungasinikanga ithuba lokuphawula ngokubhalile sibeke isizathu zokuthatha lesinqumo. Kusobala ukuthi inhloso yakho bekuwukubhala ngohlangothi olulodwa okungavumelani nemigomo ye South African Press Code wokuqinisekisa ukuthi nibika izindaba ngeqiniso, njengoba zinjalo futhi ngendlela efanelekile.

IBhodi leNgonyama Trust eliholwa yiNkosi Thanduyise Mzimela lizimisele ngokuphatha izindaba ze Trust ngendlela ehambisana nomthetho futhi ezoqinisekisa ukuthi umphakathi owakhele Ingonyama Trust uyazuza ngokufanele. Izinqumo ezithathwayo ziyacutshungulwa kabanzi ngaphambi kokuba zithathwe.

Zonke izinqumo ezithathwayo ziyaxoxwa ngamalungu eBhodi kubekwe ubuhle nobubi bazo ngaphambi kokuba zithathwe. Asikho isinqumo esithathwa ilungu lebhodi elilodwa bese kufikwa emhlanganweni weBhodi sesithathiwe kuphoqeleke ukuthi amanye amalungu eBhodi avume noma engahambisani nalesosinqumo njengoba kade kwenzeka phambilini.

Udaba lwecala no CASAC olwedluliselwa enkantolo lwacutshungula kakhulu yiBhodi laze lafika esinqumweni sokulihoxisa ngalezizathu;

1. IBhodi alithandanga ukuzimbandakanya nohlelo lokukhokhisa abantu I rent emhlabeni wobabamkhulu babo. Lokhu iBhodi likubone ukuthi kwaba yiphutha kwasekuqaleni ngakho ke kumele kupheliswe.

2. IBhodi libone ukuthi amathuba okuphumelela kulelicala mancane kakhulu kangangoba ukutshala imali kulona bekuzofana nokuthi liyayichitha.

Lesinqumo asithathwanga kujahiwe ngengoba umbhalo wakho uveza. IBhodi lakha uhlaka phecelezi I task team yokucubungula wonke amacala asenkantolo nasazofakwa khona. Maningi amacala acutshungulwe ile task team yenza izincomo ngawo.

NjengeBhodi sibheke ngeso lokhozi ukusebenza kwezimali zeNgonyama Trust ngakhoke akuzona zonke izinqumo esizozidlulisela emakhosini ngoba ukubiza amaKhosi endaweni eyodwa kuyimali le esingenayo. Isinqumo sokwedlulisa leli cala enkantolo ephezulu asithathwanga yiBhodi elaphuma kepha umuntu oyedwa kuleluBhodi waqhamuka eselivumisa. Akaze kubizwe umhlangano wamakhosi ukuthola uvo lwawo ngokwedluliselwa kwecala enkantolo ephezulu. Okwenzeka nje ukuthi amaKhosi atshelwa emva kwendaba.

Angiboni ukuthi ukuhoxiswa kwecala yiBhodi kungaba namuphi umthelela ekungeneni kwama reyithi ezindaweni zasemakhaya. Amabhange wona kade angena emhlabeni weNgonyama Trust, lezakhiwo ezikhona zama malls, ama-garage kanye nokunye zakhiwa ngemali ebolekwe emabhange ngohlelo lwe lease ngakhoke akuzwakali kahle ukuthi uthini ngamabhange.

Miningi imibiko esabalele mayelana neBhodi ezinkundleni zokuxhumana kanye nasemaphephandabeni engaqinisekisiwe. Siyabuka ngokukhathazeka yonke lemibiko ehlose ukucekela phansi isithunzi seBhodi le Ngonyama Trasi kanye naso imbala ISILO ngabathile abafisa ukufeza izinhloso zabo.

-IYAPHELA-

Ikhishwe : Ingonyama Trust Board

Ngeminye imininingwane thintana no Simpiwe Mxakaza ku 063 315 4113 noma nge email mxakazas@ingonyamatrust.org.za